# *Isiqinisekiso Nobufakazi*

Ngiyabonga, Mfowethu Roy. UNkulunkulu akubusise . . . ? . . . Ngiyabonga. Ngiyabonga kakhulu.

. . . kholwa kuphela.

2 Sanibonani kusihlwa, bangane. Asibe silokhu simile umzuzwana nje senzele umkhuleko. Asikhothamise amakhanda ethu manje eBukhoneni baKhe.

3 Baba waseZulwini onomusa, njengoba siza kulobubusuku, futhi, kulomcimbi onesizotha ukukhuluma nabantu baKho, siyasiqonda isidingo esikhulu sehora, futhi siyakuqonda u—u—ukuba nokwenzeka kokuthululwa okukhulu kukaMoya, singavele sisondele ngendlela efanele, ngakho siza eGameni likaJesu ukuzocela umusa.

4 Bese kuthi-ke, Baba, siyaqonda kulobubusuku, futhi, ukuthi sinokuthengwa kweGazi likaJesu phambi kwethu, nokuthi kufanele sikuphathe kanjani lokhu. Futhi kungumsebenzi omningi kakhulu esidalweni esingumuntu, ngakho siyacela, Nkosi, ukuthi Uzovumela uMoya oNgcwele uze manje futhi usikhonzise, futhi usinike izinto esizidingayo. Futhi uma izifiso zethu ziyintando yaKho, Nkosi, sikhulekela ukuthi Uzothululela izifiso zethu kithi kulobubusuku, ngezihawu zaKhe.

5 Phulukisa abagulayo, sindisa abalahlekile, duduza abangathokomele, futhi zazise Wena phakathi kwethu. Futhi sengathi Ungasenzela okuthize, kulobubusuku, Nkosi, into ekhethekile.

6 Siyazi ngolunye usuku, kufika njengasemuva kokuvuka okukhulu kwabesifazane ababebuya ethuneni, futhi wayethi Uvukile, kwase-ke kufika uSimoni futhi wathi Uvukile, futhi ababili babesendleleni beya e-Emawuse, futhi kwaphuma isiHambi futhi sakhuluma nabo ohambweni lwabo, ekupheleni kosuku baSimema ukuba singene. Nkulunkulu, lokhu kungokunye ukuphela kosuku, siyaKumema ukuba ungene. Siyazi ukuthi beKuNguwe osisizile usuku lonke.

7 Futhi khona-ke ebukhoneni balamadoda ababili, uKleyophase nomngane wakhe, Wenza into ethile njengoba Wayenza ngaphambi kokubethelwa kwaKho, ngalokho babazi ukuthi Uvukile kwabafileyo futhi uyaphila phakathi kwabantu. Baphuthuma ngokushesha kubangane babo futhi bathi, "Impela, iNkosi ivukile."

8 Futhi, Baba, sikhulekela ukuthi Uzokwenza into ethile kulobubusuku, phakathi kokubuthana kwethu lapha, njengoba nje Wakwenza ngaphambi kokubethelwa, ukuqinisekisa lokho emva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili Usaphila

futhi uhlala unguNkulunkulu ofanayo njengoba wawunguYe ngaleyonkathi.

9 Sinikela lokhu kuWe njengoba sibeka imikhuleko yethu nokukholwa kwethu phezu kwe-altare laKho legolide, Nkosi, futhi sikubiza eGameni leNkosi uJesu, futhi sicela ukuthi Usiphe izicelo zethu. Amen.

10 Ningahlala phansi. Namuhla kube usuku olungajwayelekile kakhulu. Namuhla ekuseni esidlweni sasekuseni sibe nesikhathi esimangalisayo kakhulu sokuhlanganyela nabafowethu nodadewethu. Futhi—futhi ngike ngaba kokuningi ukudla kwasekuseni, kodwa kungokokuqala ngqa ukuba ngibe nabo ukuba babuye futhi bathi, "Ufuna ukusizwa kwesithathu na? Ukusizwa kwesibili na?" Kuhlala kusebha encane ngale ekhoneni, futhi uthola ukuthi awubanga nakho okwanele ukuba udle, kodwa ngiyanitshela, sibe nejubili lolwazi lokudla okuhle kulokhu ukusa. Impela sibe nakho, si—sisuthe ngempela.

11 Futhi khona-ke odadewethu bebelokhu beza bezungeza, "Singakuthelela elinye ikhofi na? Singakunikeza amanye amaqanda, noma . . .?" futhi, nxazonke ematafuleni. Impela besingekho isizathu sokuba noma ubani ahambe elambile. Sibe nesikhathi esihle.

12 Futhi khona-ke, ngenze into ethile engangingakaze ngiyenze ngaphambilini, ngibe nethuba lokukhuluma esinagogeni lamaJuda. Bekungokuqala ngqa ukuba ngike ngibe nakho. Isikhathi esihle nje. Futhi impela sibe nenhlanganyelo lapho ne—i . . . UMfowethu Michaelson, ngiyamazi, ngikholwa ukuthi uneziqu zobudokotela futhi bambiza ngoDkt. Michaelson. Futhi ngimzwile kwi *Hebrew Christian Hour*, umphefumulo oliqhawe kakhulu ngempela, osindwa ngempela ngabantu bakhe. Bengihlale ngikulangazelela ukuhlangana nalendoda elungile, kodwa ngalesisikhathi wayesePalestine, ngiyakholwa, nabantu bakhe, nomthwalo usenhliziyweni yakhe. Futhi angikaze ngibe nenhlanhla yokuhlangana naye, kodwa bathi uneminyaka engamashumi ayisikhombisa nesithupha ubudala. Ngenkathi ngangi . . .

Omunye wangibuza ngolunye usuku, wathi, "Mfowethu Branham, uneminyaka emingaki ubudala na?"

Ngathi, "O, sengidlule amashumi amabili nanhlanu."

Futhi bathi, "Kangakanani na?"

Ngathi, "Iminyaka engamashumi amabili nesikhombisa nje ukwedlula amashumi amabili nanhlanu."

13 Ngakho ngicabange ukuthi sengibamdala, ngaze ngezwa lokho, kulokhu ukusa, kwamashumi ayisikhombisa nesithupha futhi usahamba, ngase ngizizwa ngimncane ngempela ngaleyonkathi. Ngacabanga, "Ngisenesikhathi esiningi esengeziwe namanje, uma iNkosi ilibala." Ngakho ngezinye

izikhathi sithola lawomasosha amadala, futhi kwenza. . . Umhlanganyeli wakhe uhlezi lapha emva kwami, angizange ngikuqaphele. Lawo masosha amadala asenza sizizwe sibancane khona-ke, lapho sicabanga ukuthi si, senze okuthile.

14 Bengikhuluma ngoMfowethu omdala oyigugu uBosworth, ngenkathi. . .Bangaki abake bamazi uF. F. Bosworth na? O, ngiqagele abaningi benu masosha amadala benimazi. Lapho efa, yena. . .Ngathi kuye. . .ngehla ngokushesha ukuyohlangana naye, futhi ngambona ephakama. Futhi wayenamashumi ayisishiyagalombili-nane, ngikholwa ukuthi kwakunjalo. Wayesanda kuphuma e-Afrika ezimishini kanye nami. Futhi izingalo zakhe ezincane ezindala, ikhanda lakhe elincane elinempandla, waphakamisa izingalo zakhe *kanjalo*, wazikhipha ngaphandle, futhi ngagijima ngaya ngale futhi ngamgaxa ngezingalo zami. Ngakhala, "Baba wami, baba wami, inqola ka-Israyeli, nabamahhashi bakhe!"

Futhi wathi, "Uyazi, Mfowethu Branham," wathi, "leli yihora elikhazimula kakhulu empilweni yami."

Ngathi, "Uyazi ukuthi uyafa na?"

15 Wathi, "Awu, angeke ngife," wathi, "bengifile iminyaka engamashumi ayisithupha." Wathi. . .khona-ke wathi, "Ngilungiselela nje ukushintsha izindawo zokuhlala." Futhi niyazi, nonke enimaziyo, wayenamancoko, futhi wayekhuluma nami lapho, futhi wathi, "Qhabo, Mfowethu Branham," wathi, "kuyo yonke inkonzo yami, lesi yisikhathi sami esijabulisa kakhulu kunaso sonke." Wathi, "Konke engikuphilele, iminyaka engamashumi ayisithupha edlule kube nguKristu, futhi nganoma yimuphi umzuzu Uyongena emnyango, futhi ngizohamba naYe." O, he!

16 Ngaphambi kokuba afe, wayekade ethe ukuquleka amahora ambalwa, futhi waphakama egumbini, emi lapho ekhiphe isandla, exhawulana nabaphendukile bakhe beminyaka engamashumi amahlanu edlule ababedlule emgqeni. O, he! "Izimpilo zabantu abakhulu zonke ziyasikhumbuza. . ." njengoba ngicaphunile. Ngi. . .Isiphetho sami masibe njalo. Kunjalo. Emesabayo uNkulunkulu, indoda endala engcwele. Ngakho lona ngunyaka wethu, sizovuka kulesisizukulwane, futhi sizofanele sime ekwaHlulweni nalababantu.

17 Ngolunye usuku lapho ngihlanganisa iminyaka yami engamashumi amahlanu nantathu, ngathi kumkami, ngathi, "Uyazi, ngingathanda. . .Kuthiwani uma ekuseni, lapho ngivuka, uma, ngisosukwini lwami lokuzalwa, uma bekumi iNkosi uJesu, njengoba ngiqaphele iNgelosi yeNkosi imi ekhoneni, lokho kuKhanya, ngaphansi kwalokho kuKhanya bekuyoma iNkosi uJesu, futhi Ubeyoza kimi, futhi athi, 'Siyini isifiso sakho na?'" Bengingathi, "Nkosi, ukuba ngiphile kade ukuze ngiKukhonze." Futhi Ubeyothi,

"Kuvunyiwe, Ngizokubuyisela emuva manje, uze ube neminyaka engamashumi amabili ubudala, noma iminyaka eyishumi nesishiyagalombili ubudala. Phila isikhathi sonke futhi ngokukhonza Mina."

18 Kodwa lokho bekungeke kulunge. Uma ngibuyele emuva ukuba ngibe neminyaka engamashumi amabili ubudala, khona-ke umkami . . . futhi lapha nginendodana enamashumi amabili nesikhombisa, ngakho lokho bekungeke kulunge. Ngakho khona-ke ngacabanga, "Awu, ngiyamthanda umkami *ngakho*, futhi ukumbona eneminyaka engamashumi amane nantathu ubudala nami eyishumi nesishiyagalombili, lokho bekungeke kulunge."

19 Khona-ke ngacabanga, "Awu, yini ebengingayicela na?" Ngacabanga, "Awu, manje, uma bengingasho . . . Awu, bengi—ngingeke ngicele lokho ngoba, futhi, nansi enye into, niyabo, lababantu engashumayela kubo esizukulwaneni sami, ngizofanele ngiphakame nalesosizukulwane. Niyabo? Ngizofanele ngiphakame ekwaHlulweni nalesisizukulwane, ukumemezela inkonzo engiyishumayelile, niyabo. Ngakho bengingeke ngibuyele emuva kwesinye isizukulwane futhi ngife ngapha ngaphansi kwa*lesi* sizukulwane emva kokuba ngishumayele ku*lesi* sizukulwane."

20 Ngakho ngacabanga, "Awu, ngokwazi kwami ngiphilile, ngokwazi kwami noma yini ngakho. Futhi ngisabona kahle, ngizwa ngamandla. Futhi ngi . . . Inkonzo Anginika yona, ngibonga kakhulu ngayo, nginga . . . ngenze okwedlula konke ebengingakwenza ngayo. Ngakho akukho lutho ngaphandle kwento eyodwa engingayenza, futhi lokho ukuthi, 'Nkosi Jesu, ngiyabonga ukuthi—ukuthi ngiyilokho engiyikho ngomusa kaNkulunkulu.'" Kunjalo.

21 Kungikhumbuza, akuyona indawo yokuhlekisa, angikholwa ukuthi kufanele kube *lapha* nhlobo, kodwa akushiwo ngenxa yehlaya, kodwa nje ukwenza isitatimende, kwakukhona udade oyikhaladi owayekwenye yezingqungquthela, futhi wathi, "Awu," uthi, "ngifuna ukunikeza ubufakazi ngodumo lukaNkulunkulu." Wathi, "A—angisikho lokho obekufanele ngibe yikho," futhi wathi, "angisikho lokho engifuna ukuba yikho, kodwa khona-ke futhi, ngiyazi ukuthi angisikho lokho engangivame ukuba yikho." Ngakho ngacabanga ukuthi lokho kwakukuhle kakhulu.

22 Futhi ngiyabonga ngalokho, ukuthi angisikho lokho engangivame ukuba yikho. Futhi ngiyacabanga sonke siyabonga ngalokho, ukuthi asisikho lokho esasivame ukuba yikho, ngokuba sedlulile ekufeni sangena ekuPhileni. Futhi uma kukhona abantu lapha kulobubusuku abangakwazi lokho, futhi banalesosiqinisekiso, ngethemba ukuthi anizikuphuma ngeminyango kuze kube lowomphefumulo

ugxilile esikhoselweni sokuphumula, ukuze ngingabe ngisagwedla izilwandle ezigubhayo.

23 Manje, izolo kusihlwa asinikhiphanga kwaze kwaleyithi ngempela, nakhu sekuleyithi kulobubusuku, kodwa sizogoduka kuse-eli. Manje, angizange ngizame noma ngizame ukuqala ukushumayela, ngoba, angishumayeli isikhathi eside kakhulu, ngezinye izikhathi cishe amahora ayisithupha lapho ngi . . . into enjalo. Ngolunye usuku ngashumayela amahora ayisithupha etabernakele, ngakho ngiyazi ukuthi anifuni ngiqale ukushumayela. Ngakho ngivele ngithole umBhalo omncane lapha, futhi ngiwufunde, futhi ngedlulise ukuphawula okuthile.

24 Futhi angazi ngisho ukuthi yini . . . Ngabe uBilly uwakhiphile amakhadi omkhuleko na? Ngabe uwakhiphile amakhadi omkhuleko namhlanje na? O, kukhona amanye asale izolo ebusuku. Awu, singase sibize umugqa womkhuleko-ke. Angazi ukuthi Uzofuna senzeni. Ngi—ngithanda nje ukuhlala ebumnandini boBukhona baKhe, bese-ke ngingena egumbini, khona-ke ngenze nje lokho Athi angikwenze. Niyabo? Kunjalo.

25 Ngicabanga ukuthi sonke siyakuthanda lokho, futhi ngicabanga ukuthi abefundisi bafanele bakwenze lokho. Akufanele kube phandle emaphathini nokuhlangana nabantu e—ezindabeni zemiphakathi. Ngicabanga ukuthi besifanele sihlale ekuthuleni, eBukhoneni beNkosi. Futhi lokho kuzamile ukuba umkhuba wami, ukungena njalo ntambama ngehora lesithathu, bese-ke ngingabe ngisakhuluma ngize ngingene epulpiti ngalobobusuku.

26 Manje, kulobubusuku, okokufundwa komBhalo, asifunde ngale eNcwadini yoNgcwele, noma, yamaHeberu, njalo, ngiyaxolisa, isahluko 6, siqala ngevesi lama 13. Ngiyathanda ukufunda iZwi, ngoba ngiyazi ukuthi leliZwi alisoze lehluleka. Izwi lami liyizwi lomuntu, lingehluleka, kodwa uma ngifunda leloZwi, khona-ke ngiyazi ukuthi lokho kwenele ukugxilisa imihlangano, ukuthi qha . . . khona-ke amaZwi aKhe angeke ehluleke.

27 Manje, asilalelisise ngempela, njengoba ngininika umzuzwana wesikhathi ukuba nifinyelele emBhalweni. Khumbula, ukuthi asifanele neze size ebandleni ukuzodlala ukukholwa. Akumele size, nje, ukwembatha isenzo sokukholwa sokuya ebandleni, sifanele size ukuzokhonza ngoMoya nangeqiniso, sifanele sijule futhi sibe qotho, sifanele siqonde ngempela lokho esikuzele lapha. Izinsuku ziba zimbi, isikhathi sibi, futhi sifuna uku—sifuna ukwenza wonke umzuzu ubale, futhi ikakhulukazi lapho sisendlini yeNkosi.

28 Ngibuka lapha, kulobubusuku, inenekazi elincane eliboshwe lonke laba yinyanda, lipheshiwe, lihlezi esihlalweni esinamasondo. Enye indoda ehlezi lapha, ngiqaphele umkayo, noma omunye, khona-ke esula ubuso bayo, ihlezi esihlalweni.

Nakhu kuhlezi inenekazi ngapha esihlalweni esinamasondo, izinyawo zalo zisekelwe ngaphandle, inenekazi elidala elihlezi ngemuva esihlalweni esinamasondo.

29 Mhlawumbe abanye babo phandle lapho abanenkathazo yenhliziyo. Mhlawumbe bezwe imilayezo engamakhulu ishunyayelwa, kodwa bazama ukuthola indlela yempilo kulobubusuku, bazama ukuthola indlela yokuphuma. Futhi mhlawumbe abanye balabo abasesihlalweni esinamasondo bangahle baphile iminyaka emininingi nokho. Kungase kube nomuntu ohlezi lapho onomdlavuza ozofa ezinsukwini ezimbalwa ezizayo uma okuthize kungenzeki. Noma mhlawumbe omunye ohlezi lapho onenkathazo yenhliziyo, kubonakala sengathi balungile, kodwa ihlule legazi likhuphuka ngqo, bangahle bafe emahoreni ambalwa alandelayo uma okuthize kungenziwanga.

30 Futhi ngaphezu kwakho konke lokho, kungahle kube nomunye ohlezi lapho ongayazi iNkosi uJesu. Futhi bayazi... abaMazi emandleni okuvuka kwaKhe, ethethelela izono zabo, bayobhubha lapho befa. Futhi bayabazi abana...ngaphandle lapho mhlawumbe lokho okumi esimweni esilungisiwe, ongakaze azalwe ngokusha ngoMoya oNgcwele, balindele lokho.

31 Ngakho niyabo, ngakho konke...ngathi, ngenza ukuphawula, "Ukube benginamaconsi amabili eGazi likaJesu langempela e—engilazini, bengingalibamba kanjani enhliziyweni yami futhi ngikhale izinyembeze! Ngime lapho ngibuke ukuthi angikhubeki ukuba ngilichithe, njengoba ngihamba nalo ngiya noma yikuphi lapho engangimiselwe ukuya khona nalo. Bengingawabheka kanjani onke amanyathelo, ukuthi angikhubekanga, ngibeka izinyawo zami lapho nje okufanele zibe khona!" Ngicabangile, "Bengingawabamba kanjani lawomaconsi amabili eGazi!"

32 Kodwa niyazi, emehlweni kaNkulunkulu, kulobubusuku, okuhlezi phambi kwami kuyinto enkulu kuYe kuneGazi laKhe uQobo, ngoba kungukuthengwa kweGazi laKhe. Wachitha iGazi laKhe ngenxa yenu, futhi lapha ngiyanibamba ekulaleleni, kulobubusuku, ngeVangeli. Khona-ke ngifanele ngisondele kangakanani ukuze nginitshele iqiniso ngqo, ngoba uNkulunkulu uzongenza ngiphendule ngakho ngoSuku lokwaHlulela, ngaphezu kokuthi ngathatha iGazi, iGazi langempela, futhi ngaliphonsa emhlabathini. Bekungaba isijeziso esikhulu ukudukisa abantu, ukuthengwa kweGazi laKhe, kunokuba kube ukuphonsa iGazi emcengezini ebenginalo kuwo.

33 Manje, asibe qotho ngempela, njengoba sifunda futhi sitadisha futhi sikhuleka manje. Esahlukweni se 6 ivesi lama 13 siyafunda:

> *Ngokuba lapho uNkulunkulu enze* izithembiso *ku-Abrahama, ngokuba yena*. . .(Angikuqale lokho futhi, ngiphenye amakhasi amabili ngesikhathi esisodwa.). . . *ngokuba yena*. . .*funga lokhu kungekho omkhulu, wazifunga yena,*
>
> *Ethi, Impela ngiyakukubusisa nokukubusisa, ngiyakukwandisa nokukwandisa.*
>
> . . .*ngakho, kwathi esebekezele, wakuzuza okwathenjiswayo.*
>
> *Ngokuba abantu bafunga omkhulu kunabo: kubona ukuqinisa ngokufunga kuyaqeda ukuphikisana konke.*
>
> *Kalokhu uNkulunkulu, ethanda kakhulu impela ukubonisa izindlalifa ze*zithembiso *ukungaguquleki kwecebo lakhe, waqinisa ngokufunga:*
>
> *Ukuze ngezinto ezimbili ezingeguquleke, uNkulunkulu angeqambe amanga ngazo, sibe*. . . *nduduzo enamandla, esibalekele ekulibambeni ithemba esilimiselweyo:*

Kwangathi iNkosi ingabusisa iZwi laYo, njengoba sikhuluma cishe imizuzu eyishumi noma eyishumi nanhlanu kuLo, futhi sibone ukuthi, uma Esihola, ukuthi senzeni.

34 Bengicabanga ngokuthi *Isiqinisekiso Nobufakazi*. Kubonakala sengathi umuntu uhlale efuna isiqinisekiso, noma uhlobo oluthile lobufakazi, nokunye okuningi njengalesisikhathi soku, iminyaka yabanqikazayo esiphila kuyo. Yonke into ifanele iqinisekiswe, ifanele ibe u—ubufakazi kuyo. Futhi u—futhi ubufakazi besiqinisekiso businika isiqinisekiso salokho esikufunayo.

35 Lapho umuntu ethenga imoto, kumele abe nencwadi eyisibopho ehambisana nomthetho kuleyomoto, futhi nakuba engenayo imoto ihlezi egaraji lakhe, uma enencwadi eyisibopho ehambisana nomthetho, kuyisiqinisekiso kuye ukuthi ungumnikazi waleyomoto, ngoba unencwadi eyisibopho ehambisana nomthetho, noma, ilungelo.

36 Futhi khona-ke, uma sithenge isiqephu somhlabathi, nakuba singakaze siyiwubone umhlabathi, singazi lutho ngomhlabathi, futhi nokho sinencwadi eyilungelo lobufakazi kulowomhlabathi, ungowethu, noma ngabe siwubonile noma qha, usengowethu. Imoto ingeyethu, noma ngabe siyibonile noma asiyibonanga, nokho sine—nelungelo esinikezwe lona, futhi siyiphethe efeni lethu, egameni lethu, ukuthi lelolungelo lisikhombisa ukuthi singabanikazi baleyomoto; futhi incwadi eyilungelo lobufakazi isitshela ukuthi singabanikazi bempahla.

37 Manje, kumaHeberu siyafundiswa futhi, ukuthi ukukholwa. . .amaHeberu 11, "Ukukholwa kungukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo, kuyiqiniso ngezinto ezingabonwayo."

Niyabo? Kuyinto. Manje, akulona ithemba; abantu abaningi beza nethemba. Kodwa ukukholwa kungukuqiniseka. Akuyona into ethize oyithembayo. Lapho ukukholwa sekubambile, unento, hhayi nje inganekwane, ubambe into ethize, uyakwazi, akukho okukunyakazisayo kuyo, ingeyakho, uqinisekile, unayo esandleni sakho, uyitholile, iyifa lakho.

38 Isibonelo, uma bengilambile uku. . .uku. . .bengibulawa yindlala, futhi ulofu wesinkwa ubuyoyisindisa impilo yami, futhi ukuthenga ulofu wesinkwa ngamasenti angamashumi amabili nanhlanu, futhi omunye unginike amasenti angamashumi amabili nanhlanu, manje, nginga. . .Njengoba nje ngibona, futhi ngiyazi ukuthi ngibambe lawomasenti angamashumi amabili nanhlanu, okungamandla okuthenga ulofu wesinkwa, ngingajabula nje ngamasenti angamashumi amabili nanhlanu njengoba bengingabanjalo ngolofu wesinkwa, niyabo, ngokuba sengivele nginamandla okuthenga athenga ulofu wesinkwa.

39 Ngakho-ke yileyondlela ukukholwa okuyiyo. Ukukholwa yinto onayo, uyazi ukuthi unayo. Futhi lapho wemukela ukukholwa ukuthi uNkulunkulu *ukhona*, khona-ke, ukuthi uNkulunkulu uzokunika *lokhu*, nokho ukuphulukiswa kwakho kungahle kungabi lapho, kodwa nokho, kukhona okugxilile ngaphakathi kuwe okukutshela ukuthi kuzolunga, khona-ke ungajabula njengoba wawunjalo. . .ungajabula nje njengoba uhlezi esihlalweni esinamasondo, sengathi ubuphandle lapho emgwaqeni ugxuma phansi naphezulu, umemeza futhi ugijima uzungeza, udumisa uNkulunkulu, ngoba usuvele unabo ubufakazi, sekuvele kungokwakho.

40 Niyabo, akusiyo inganekwane, akuwona umcabango, kuyi—kuyinto yangoqobo. Futhi noma yini lokho, kuyinto yangoqobo akuyona inganekwane, yinto osuyibambile ngempela. Manje, kulapho abantu abaningi kakhulu behluleka khona ukuthola ukuphiliswa, banethemba esikhundleni sokukholwa. U*themba* ukuthi uzobanjalo. Wena uo—wena u, uthi ukuba nohlobo lokukholwa olucatshangelwayo, ngenxa yokuthi uzwa ukuthi u. . .ukufanele lokho. Kodwa lapho empeleni ubambe ukukholwa, kuyinto, yinto yangempela. Khona-ke ubamba lokho, yilokho okukulethayo.

41 Lapho. . .Ngifisa sengathi bengingaba nalokho kukholwa okuthi phazi, engingathanda ukuba nakho. Ngiyaxolisa anginakho. Indlela kuphela engigxilisa ngayo ukukholwa okukhulu yilapho Engitshela okuthize okufanele ngikwenze, noma engikhombisa ukuthi ngikwenze.

42 Ukuba Ubengabonakala lapha emsamo kulobubusuku, futhi athi kimi, “Yana emathuneni omongameli, kusasa ekuseni ngehora leshumi nqo ubize uGeorge Washington kwabafileyo,” Bengingamema umhlaba wonke ukuba uze ukuzokubuka kwenziwa. Yebo, mnumzane. Ngokuba nginokukholwa kulokho

engikutsheliwe, ngoba akakaze Ehluleke ukuqinisa noma yini Akushilo kimi. Ngakho nginokukholwa kukho, ngikukholwa, ukuthi kuyiqiniso, ngoba kuyindaba eyakhiwe.

43 Kusukela phansi empilweni, kusukela ngisengumfanyana, yonke imibono, yezinkulungwane, awukho nowodwa wayo owake wehluleka, ngakho-ke, yiqiniso, elinginika ukukholwa, nginokukholwa kulokho Akushoyo.

44 Manje, bengihlale ngizibuza ukuthi ngezinye izikhathi angiyeqanga yini imingcele ngokuthi, "Nkulunkulu, ngiphe ukukholwa ukuba ngikhulume ku*lona*, ngikhulume ku*lowo*, ngikhulume ku*lowo*." Manje, siyaqonda ukuthi iNkosi yethu uJesu, ingu-Emanuweli, ayikaze ikwenze lokho, ngokuba Yasho ngokusobala kuJohane oNgcwele 5:19, "Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo, kuphela lokho ebona uYise ekwenza," (Hhayi, "ezwa uYise ekusho," kodwa, "bona uYise ekwenza.") "iNdodana iyakwenza kanjalo." Niyabo?

45 Kufanele kube khona okwenzekayo okukwenza ube nalobu—lobubufakazi, lesisiqinisekiso. Manje, uma uNkulunkulu ethe, "Lizobe lina ekuseni," bekungeke kube nzima kimi ukulungiselela imvula, ngoba ngiyazi ukuthi lizokuna. Manje, uma singakuguqula lokho kusukela ekuboneni umbono, noma ukuzwa iPhimbo likaNkulunkulu elizwakalayo . . . Kodwa ukuguqula uku . . .

46 Indlela yokuqala yokuba nokukholwa iwukuzwa iZwi likaNkulunkulu elilotshiwe. Manje, lapho uNkulunkulu engena phakathi kwethu futhi Azifakazise kithi, ekusinikeni uMoya oNgcwele, ukukhuluma ngezilimi nokunikeza incazelo, ukuthumela iziphiwo phakathi kwethu, kanjalo, noma isiprofetho esimi endaweni *ethile*, futhi sisho into *ethize*, futhi enze into *ethize* futhi kufakazise isikhathi nesikhathi, ukuthi akwehluleki neze, lokho kufanele kusakhele endaweni eyosinika ukubamba kuleloZwi, obekungeke kukudedele. Bekufanele kube ubufakazi khona lapho. Inqobo nje uma uNkulunkulu esho njalo, lokho kuyakuxazulula. Niyabo?

47 Ngiyesaba ukuthi izikhathi eziningi ukuthi—ukuthi thina—asimi isikhathi eside ngokwanele ukucabanga ngesikhundla esikuso. Manje, iningi labantu, noma, ngiyaxolisa ngisho lokho, abantu abaningi ezweni langaphandle, babuka umhlangano waloluhlobo njengolunye uhlobo lwenkohliso ethize, bengazi ukuthi bathini. Futhi sizonika udumo kulokhu, ukuthi kube nokumelelwa okungamanga okuningi kwalokhu.

48 Kodwa ngaphambi kokuba ube nedola mbumbulu, kufanele kube nedola langempela ukuze lelo elimbumbulu lenziwe ngalo, uma kungenjalo, khona-ke elimbumbulu lingeloqobo. Niyabo? Ngokuqiniseka njengoba kukhona amanga, kufanele kube khona okwangempela okwenziwe ngakho. Ngakho kukhona

uMoya oNgcwele wangempela, ukuphilisa kobuNkulunkulu kwangempela, amandla angempela kaNkulunkulu, ukukholwa kwangempela eZwini, futhi leso isiqinisekiso, into ethize egxilile. Kumangalisa kanjani! Kuyaqinisekisa.

49 Umuntu ufuna lokho, yimvelo yomuntu, uNkulunkulu wenza umuntu ngaleyondlela, yileyondlela uNkulunkulu enza ngayo umuntu. Manje, ngakho ngakho-ke, ukwenza umuntu ngalolohlobo lokuziphaqula, uNkulunkulu wenza okuthize ukuphendula esifisweni salowomuntu. UNkulunkulu unguNkulunkulu olungileyo, njengoba u-Oral Roberts ubehlale ephawula. UnguNkulunkulu olungileyo, kodwa ungakuthathi lokho ukuse kude manje, UnguNkulunkulu olungile futhi. Impela kunjalo. UngaMthathi kahle kakhulu, njengomuntu othile, ibhungu lathi kungekudala, "UNkulunkulu ulunge kakhulu Akanandaba ukuthi ngenzani." O, yebo Unendaba!

50 Uma ungalikholwa iZwi laKhe, nje—nje ukuLiguqula okukodwa okuncanyana, kwabangela bonke ubuhlungu benhliziyo, konke ukugula, konke ukufa, yonke ingane encane ekhalayo, efayo, onke amangcwaba, ngoba umuntu oyedwa wakholwa ngokungesikho nje ingxenye yeZwi likaNkulunkulu, kwabangela yonke lenkathazo, ungacabangi ukuthi siyoke sivumele nokukodwa okuncane kwakho kuthi nyelele kudlule, futhi, futhi singene singakholwa noma yini ethenjiswe nguNkulunkulu.

51 Ngakho-ke, ngingahle ngingabi nakho ukukholwa, njengoba ngishilo, ukuhamba njengoba kwenza u-Enoke, ngithathe ukushaywa umoya kwantambama futhi ngiye eKhaya noNkulunkulu, kodwa, ngifisa sengathi benginalokho kukholwa, kodwa angisoze ngama endleleni yomunye umuntu, futhi ngihlekise ngabo onalolohlobo lokukholwa, ngizobancoma, indoda enalokho kubamba kwalokho kukholwa.

52 Manje, ukukholwa. UNkulunkulu watshela u-Abrahama lapha, umnika isithembiso, kwase kuthi-ke uNkulunkulu wasiqinisekisa lesisithembiso kuye, umnika ubufakazi ngokufunga phambi kwakhe. Futhi into engaguquleki ukuthi uNkulunkulu angeqambe amanga, futhi akusikho lokho kuphela, ngenkathi Emethembisa, khona-ke ngale kwalokho, Wafunga kukho.

53 UNkulunkulu ethatha isifungo kuYe uqobo. Ufanele ufunge umuntu omkhulu kunawe, futhi kwakungekho muntu ayengafunga kuye omkhulu kunaYe, ngakho Wazifunga Yena. Futhi isithembiso sasiku-Abrahama nase (*Na* isihlanganiso.) eNzalweni yakhe emva kwakhe, hhayi *izinzalo*, kodwa *iNzalo* yakhe. Futhi uKristu uyiNzalo ka-Abrahama, futhi thina, sikuKristu, ukuPhila kukaKristu kithi kusenza abantwana baka-Abrahama, futhi siyizindlalifa kanye naye ngokwesithembiso.

54 Futhi u-Abrahama, ngemva kokuba esesamukele isithembiso, akazange angabaze ngesithembiso ngokungakholwa, kodwa waqina, enika uNkulunkulu udumo iminyaka engamashumi amabili nanhlanu. Futhi kwakuyinto engenakwenzeka cishe impela, ngenkathi emukela isithembiso, ngoba wayenamashumi ayisikhombisa-nanhlanu, noSara, umkakhe, wayenamashumi ayisithupha nanhlanu. Cishe wayesedlule ngeminyaka emihlanu noma eyishumi ukunqamuka ukuya esikhathini, futhi wayenamashumi ayisikhombisa nanhlanu, futhi wayelokhu njalo njalo enika uNkulunkulu udumo, ngokuqhubekayo.

55 Ngethemba ukuthi anicabangi ukuthi kungukuthuka okungcwele, kodwa sengiyacabanga nje manje, uSara esedlule esikhathini sobufazane, futhi uthi, "Sara," emva kwezinsuku ezingamashumi amabili nesishiyagalombili zokuqala, "uzizwa kanjani, s'thandwa na?"

"Akukho okuhlukile."

"Udumo kuNkulunkulu, sizoba nengane noma kanjani." Niyabo?

Futhi ezinsukwini ezingamashumi amabili nesishiyagalombili ezilandelayo, "Kukhona okwenzekayo, S'thandwa na?"

"Akukho lutho."

56 "Udumo kuNkulunkulu, kuzoba yisimangaliso esikhulu manje, ngoba, kunalokho okwenzeka uma kwenzeke ngenyanga edlule." Niyabo? "Sizoba nayo." Ngoba ngani na? Wakholwa nguNkulunkulu, wayebambe okuthize. Wayengathatha uNkulunkulu eZwini laKhe. Ukubambelela, wayengabambelela esithembisweni sikaNkulunkulu.

57 Manje, siyaqaphela-ke njengoba unyaka udlula, akwenzekanga lutho, iminyaka emibili, namanje, "Udumo kuNkulunkulu." USara wenza amabhuzu amancane, nokuncane okunamagqabhagqabha, niyazi, nayo yonke into ilindile. Wayelindile ngoba wayazi ukuthi lengane yayiza, ngoba uNkulunkulu wakwethembisa.

58 Futhi manje sifanele ukuba yiNzalo ka-Abrahama, ukukhuluma ngokomoya, ngokuba kuKristu. Manje, sifanele sibambe zonke izithembiso zikaNkulunkulu, futhi sizilondoloze njengokungathi bese zivele zenziwe, ngoba lapho uNkulunkulu esekhulumile, aKasoze akuhoxise.

59 Manje, lapho uNkulunkulu elethwa esinqumweni, nesinqumo uNkulunkulu asenza ekuqaleni uzofanele ahlale efana, ngoba Ungongenasiphelo, Uphelele, futhi izinqumo zaKhe ziphelele. Ngakho-ke, Angeke athi, "Ngakusho lokho ngonyaka odlule, kodwa Ngazi ngokwengeziwe ngakho kulonyaka." UNkulunkulu unguNkulunkulu ongenasiphelo.

Uphelele, futhi sonke isinqumo Asenzayo siphelele, Akadingi neze ukukuguqula, ngoba kuphelele kwasekuqaleni, Akadingeki neze ukuthi akuhoxise.

60 Ngakho-ke, ngingenza isithembiso, angazi, ngifanele ngisihoxise, kodwa uNkulunkulu akakwenzi lokho. Futhi uma uNkulunkulu wabizelwa enkundleni ukuba aphulukise umuntu owayegula, nesisekelo uNkulunkulu aphulukisa umuntu kuso, Ufanele ayigcine ingunaphakade leyonto efanayo.

61 Ngenkathi umuntu wayelahlekile, indlela yaKhe eyodwa kuphela . . . Wenza u—ukulungiselela ukusindisa lowo muntu. Futhi esisekelweni Wamsindisa, kusekhona nanamuhla, igazi elichithiwe. Ukuphulukisa umuntu kwakungokukholwa, futhi yileyondlela kuphela Aphulukisa ngayo namhlanje kungokukholwa ukukholwa iZwi laKhe. Kunjalo impela.

62 Manje, ngakho uNkulunkulu emva kokuqinisekisa . . . Ngifisa sengathi ngabe besinesikhathi, kodwa ngenze isethembiso. Emva kokuba uNkulunkulu enike u-Abrahama isithembiso, khona-ke wakuqinisekisa kuye ngokumsoka, kwakuyisibonakaliso, futhi sasisenyameni yakhe.

63 Futhi manje, ngikhuluma nezithameli ezixubile, kodwa mina . . . ningithatha njengomfowenu. Manje, ngenkathi u-Abrahama, eseguga, neBhayibheli lathi umzimba wakhe wawusufana nofile, wayengabheka phansi kulesisibonakaliso enyameni yakhe, futhi wazi ukuthi kwakuwuphawu lukaNkulunkulu ukuthi Wayeyogcina iZwi laKhe, ukusoka. Buka lobobufakazi, uthi, "UNkulunkulu wenza isithembiso."

USara uthi, "Kodwa nginamashumi ayisishiyagalolunye, futhi sengidlule kude kunoma yisiphi isenzo sempilo."

64 Kodwa khona-ke u-Abrahama wayengaphenduka futhi abuke ubufakazi ukuthi uNkulunkulu wathi, "Lolu wuphawu." Futhi u-Abrahama wayenganika uNkulunkulu udumo futhi abe namandla kunakuqala, ngoba kwakuwuphawu, isiqinisekiso sokuthi uNkulunkulu wayezomnika khona.

65 Manje, Wethembisa futhi ukuthi abantwana bakhe bayogogobala futhi babe sezweni labezizwe iminyaka engamakhulu amane. Futhi babekulelizwe iminyaka engamakhulu amane, izigqila, njengezinja. Kubukeka sengathi, uNkulunkulu wayephendule umhlane waKhe, kodwa kwakungokwesithembiso saKhe. Ufanele asigcine isethembiso saKhe.

66 Uma babefuna ukuthatha enye yalawo mantombazane asemancane amaHeberu futhi—futhi bayidlwengule, lawomasosha aseGibhithe, ayekwenza nje. Uma babefuna ukubulala enye yamadodana, babevele bayibulale. Babeyiphosela isinkwa esidala esikhuntile, futhi bayasidla noma bafe. Futhi bona, izigqila nje, futhi babe—babesindwa futhi beshaywa belahlwa phansi, futhi kwakubonakala kuxakile

ukuthi uNkulunkulu wayevumela into enjalo. Kodwa ngezinye izikhathi uNkulunkulu wenza lezozinto, aziphathe ngezindlela eziyinqaba, kodwa Uhlala egcina iZwi laKhe.

67 Kwathi sesisondele isikhathi sesithembiso, nakho kwehla umprofethi ephuma ehlane no-ISHO KANJE INKOSI, iNsika yoMlilo imzungeza. Futhi wehla futhi wabanika iZwi leNkosi, ukuthi Wayekuzwile ukukhala kwabo, futhi wakhumbula isithembiso saKhe, futhi ngamunye walabo abasokiwe.

68 Manje, Wayezosikhumbula isithembiso saKhe, ngakho Wabatshela ukuthi kwakukhona izwe lapho babengakhulisela khona abantwana babo. Kwakuyizwe elihle, kwakuyizwe elilungile, eligeleza ubisi nezinyosi, futhi kwakungadingeki lutho lapho, kwakuyizwe eliyigugu.

69 Khumbulani, akekho noyedwa wabo owake waba lapho. Babengazi lutho ngezwe, kodwa babefanele baziphathe ngokukholwa esithembisweni, futhi baziphatha ngokukholwa. Futhi basuka eGibhithe ngaphansi kobuholi bukaNkulunkulu, nomprofethi waKhe owayebatshela ngezwe elingcono.

70 Ngakho baphuma eGibithe, bafika endaweni ebizwa ngokuthi iKadeshi-Barineya. Ngikholwa ukuthi kwakungalapho lapho uJoshuwa, iqhawe elikhulu phakathi kwabo, awela ukuyohlola izwe. Wawela iJordani, futhi wawelela kwelinye izwe, futhi wabuya nobufakazi bokuthi izwe lalilihle, ukuthi iZwi likaNkulunkulu laliphelele, izithembiso zaKhe zaziyiqiniso. Futhi wayenobufakazi, isiqinisekiso sokuthi izwe lalilapho. Wayebambe okuthize, ukuthi izwe laliyilokho ncamashi uNkulunkulu ayethembise ukuthi liyoba yikho. Amadoda amabili ayethwele isixha samagilebhisi, abantu babenganambitha futhi babone ukuthi izwe lalilihle. Kwakuyisiqinisekiso sokuthi uNkulunkulu wayesigcinile isithembiso saKhe.

71 Kwase kuthi-ke u-Israyeli wawela iJordani wangena ezweni lesethembiso, noJoshuwa wabahlukanisela amazwe. Babenokuthula, babeyisizwe, babenamabandla abo, batshala izitshalo zabo, bakhulisa abantwana babo, babayisa ebandleni, futhi baphila ngokujabula. Futhi uNkulunkulu wabeka ukwesaba kuzo zonke ezinye izizwe zabo, futhi babengabantu abakhulu.

72 Kodwa ekugcineni, emva kweminyaka *emininingi kangaka*, baqala ukwenza amathuna lapho, ngoba amaqhawe okholo amadala ekugcineni kwadingeka ehle aze afike ekupheleni komgwaqo futhi afe. Futhi baqale ukuba amatshe amathuna, nabenzi benhloko, amathuna atshalwe kulelizwe elikhazimulayo uNkulunkulu ayebathembise lona. Babefanele bafe, kungakhathaleki ukuthi babekuliphi izwe elihle, izithelo ezinhle ababezidla. Kodwa babefanele bafe.

73 Khona-ke ngelinye ilanga, kwehla eNkulu iNduna eNkulu, iNkosi uJesu, futhi Uqala ukubatshela ngelinye iZwe, "Ekhaya likaBaba waMi kunezindlu eziningi, ukuba bekungenjalo, beNgiyonitshela. Futhi Ngizohamba futhi nginilungisele indawo, futhi ngibuye futhi nginamukele kiMi; ukuze lapho Ngikhona, nani nibekhona." Ngamanye amagama, njengalokhu: "Ubuthembekile embangeleni, kodwa ufanele ufe. Kodwa kukhona iZwe umuntu ahlala kulo futhi angafi. Kukhona ukuPhila emva kokufa." Isithembiso esinje kubantu! Kwakumangalisa, futhi kwamangaza abaningi.

74 Kodwa Wafika eKadeshi-barneya yakhe. Isihlalo sokwahlulela sasiyiKadeshi-Barineya, futhi Wafika eKadeshi-Barineya, eKalvari, lapho phezu kwaKhe wathwala i . . . Wathwala izono zezwe eKalvari.

75 Kodwa Wawela futhi iJordani, esiyibiza ngokuthi iJordani lokufa. Wawelela kwelinye iZwe futhi wafa izinsuku ezintathu nobusuku. Wafa ilanga laze layeka ukukhanya, Wafa umhlaba waze waba nokuphazamiseka kwemizwa, kwazamazamisa amadwala aphuma ezintabeni. Wafa! Futhi ngosuku lwesithathu Wavuka futhi, enobufakazi bokuthi kukhona iZwe lapho umuntu angaphila khona futhi angafi. Wabuya evela kuleloZwe. Kukhona ukuPhila emva kokufa.

76 Manje, Uthi kubafundi baKhe, "Ngizoninika iSibambiso salokhu, Ngizoninikeza isiqinisekiso salokhu," njengoba benza ku-Abrahama ngokusoka. "Kodwa lindani phezulu lapho eJerusalema, nize nithole isiqinisekiso, nize nibe noBufakazi." Futhi balinda, kwathi ngosuku lweshumi kwafika umsindo ovela eZulwini njengomoya ovunguzayo onamandla, owagcwalisa isakhiwo sonke lapho ababehlezi khona, futhi bonke bagcwaliswa ngoMoya oNgcwele. Izinkotha zoMlilo zahlala phezu kwabo, futhi bonke bagcwaliswa base beqala ukukhuluma ngezinye izilwimi njengalokho uMoya wabapha ukuphumisela.

77 Kwakuyini na? KwakunguBufakazi bokuthi uJoshuwa wethu, uJehova-Msindisi, wayesebuyile kwabafileyo futhi wasinika uBufakazi bokuthi uma sifa siphinde siphile ngakolunye uHlangothi. Isiqinisekiso, ukuqinisa, ukunikeza ubufakazi bakho.

78 Futhi manje, namuhla, ngemva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili, sisengakwazi ukubuka emuva, futhi singabona lapho esake saba khona, phansi enkucunkucwini yesono. Futhi *isono* ukungakholwa, leso yisono sasekuqaleni nokuwukuphela kwesono.

79 Indoda yasho esikhathini esingeside esedlule, ngiyaxolisa, kwakungowesifazane, ngangishumayela ebandleni leMethodisti, futhi ngathi, "Ukuphuza akusona isono, ukuphinga akusona isono, ukuqamba amanga nokweba akusona isono," futhi

kwakukukhulu kakhulu koyedwa oyigugu, udade omdala, futhi wasukuma wathi, "Ngicela ungitshele, siyini isono na?"

80 Ngathi, "Ukungakholwa. Nenza lezozinto ngoba anikholwa, uma ukholwa, kungani-ke, ubungeke uzenze. Kuyizingxenye ezingahlukaniseki zokungakholwa." Futhi ukulunga kuyingxenye engehlukaniseki yokukholwa, ngoba ugxile kulokho kukholwa, isiqinisekiso, ubufakazi.

81 Manje bheka emuva lapho owake wabakhona, manje bheka lapho osuvukele khona manje, khona-ke wafa kanye noKristu, wambelwa eGameni laKhe, wavuswa naYe ekuvukeni. Ngokomoya, kulobubusuku, ngokweZwi, manje sesivusiwe kanye naYe, sihlezi ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu, nawo wonke udeveli onqotshiwe phansi kwezinyawo zaKhe, ehlezi eBukhoneni obuphilayo beNkosi uJesu.

82 O, uma lokho bekungafanele ukukunikeza ukubamba okuthize, ukuMbona nalobobufakazi obufanayo, lokho kukholwa okufanayo okwanikelwa kwaba kanye kwabangcwele, manje ekusebenzeni, kwenza izinto ezifanayo namuhla okwakuhlale kukwenza! Ubone ukubonakala kweNkosi uJesu phakathi kwethu, nokubheka emuva, nokubona lapho esake saba khona, futhi manje lapho esikhona manje. Sasifile ngaleyonkathi, futhi manje siyaphila. Futhi ngokuqinisekile njengoba sifile futhi sambelwa kanye naYe, sivuswe kanye naYe ekuvukeni, ngokuba sivukile phansi *lapho*. Amen. Manje, ngizizwa ngikholwa.

83 Ngani na? Sifile, futhi izimpilo zethu zifihliwe kuNkulunkulu ngoKristu futhi zabekwa uphawu ngoMoya oNgcwele. Ngibheka emuva futhi ngibone lapho engake ngaba khona, *lowo* William Branham wafa eminyakeni engamashumi amathathu-nambili edlule. Futhi manje siyisidalwa esisha kuKristu, sesivele sivusiwe kanye naYe futhi sihlezi naYe manje ezindaweni zaseZulwini, ngegunya leZwi laKhe elithenjisiwe, ukuthi wonke udeveli uzosithobela, futhi akukho lutho nangayiphi indlela...?... "NgeGama laMi bayakukhipha amademoni, futhi bakhulume ngezilimi ezintsha, baphathe izinyoka, baphuze okubulalayo, babeke izandla phezu kwabagulayo, futhi bayakusinda."

84 Leso yisithembiso saKhe. Nasi isiqinisekiso sesithembiso saKhe. O, masivume ubuthakathaka bethu! Futhi uNkulunkulu asinike amandla nokukholwa kubo kanye uBukhona obuphilayo bukaJesu Kristu lapha kulobubusuku, iNdodana kaNkulunkulu.

85 Ngama nabangane bami ababili lapha, ngoFebhuwari, ngenkathi siphandle e-Arizona, futhi sesiphandle entabeni, sasikade siphandle lapho sizingela izinsuku ezimbalwa emva komhlangano. Futhi sabona izinkanyezi ezimbili, ukuthi zazisondele kangakanani, futhi ngathi, "Mhlawumpe

ukuthi ziqhelelene ngezigidi eziningi zeminyaka yokukhanya, ziqhelelene phambili kunoma sinjalo kuzo." Futhi ngathi, "Ukucabanga ukuthi uNkulunkulu Owenza umhlaba nezulu, uNkulunkulu Owenza ukuhamba kwelanga nezinkanyezi, Owenza amaZulu nomhlaba, futhi wakudala ngeZwi laKhe elikhulunyiwe!"

86 Khumbulani, iZwi liwumcabango ozwakalisiwe. UNkulunkulu wakucabanga, khona-ke ngenkathi Esekuzwakalisile, kufanele kwenzeke, ngokuba izwe labunjwa ngeZwi likaNkulunkulu. Futhi izinto zenziwa ngezinto ezingabonakali. KwakuyiZwi likaNkulunkulu, Walicabanga, futhi Walikhuluma, futhi lizofanele lifezeke. Yimbewu ekhulayo, futhi, ngokumangalisayo ezofanele iveze inkathi yayo.

87 Futhi singathatha iZwi laKhe, futhi sibone lokho aKuthembisa, ngezinsuku zokugcina ukuthi Uyokhipha lababantu futhi enze yona impela into Ayenza, njengoba Enza ngezinsuku zaseSodoma, futhi siyaLibuka futhi sibone lezizinto, besifanele sibambelele esithembisweni sikaNkulunkulu, futhi size kuYe, sibona ukuthi sigxilise imiphefumulo yethu esikhoselweni sokuphumula.

Asikhothamise amakhanda ethu.

88 Nkosi Jesu, isiqinisekiso. SiKubonga kanjani ngoBukhona baLowo onobuNkulunkulu, kulobubusuku! Ukuba abantu bebengaqonda kuphela igunya labo kuYe! O, bekungaba kuhle kanjani, Nkosi, ukuba nje bebengakukholwa kuphela, babe nokukholwa! Kwangathi bona, kulobubusuku, babambe lokho kukholwa. Abakufundisiwe, abashumayeliwe, okushunyayelwe kubo, njalo, futhi bakufundile eBhayibhelini, bababonile abanye abakwabile.

89 O Nkulunkulu oMkhulu uJehova, OnaMandla, Owenziwa inyama futhi wakha phakathi kwethu, manje Wenziwe inyama enyameni yethu ngoMoya oNgcwele, lapha kulobubusuku, uphilisa iZwi futhi uphilisa izithembiso Ozikhulumile. Siphe, kulobubusuku, ukuthi lonke ikholwa lingahle likubone futhi liphulukiswe, futhi wonke ongakholwayo bangahle bavulwe amehlo abo eBukhoneni bukaJesu Kristu, nesiqinisekiso sokuvuka kwakho.

90 Futhi uNkulunkulu lowo Joshuwa, uJoshuwa wethu wakwelinye iZwe, Owafika kithi futhi wahlangana neKadeshi-barineya yaKhe ngenxa yethu sonke . . . Futhi iKadeshi-barineya yethu yayilapho e-altare ngobunye ubusuku. Manje sithathwa njengabafile, nokuphila kwethu kufihliwe kuYe, savuswa kanye naYe ekuvukeni, sihlezi ngakwesokunene saKhe namhlanje ezindaweni zaseZulwini. Siphe, Nkosi, ukuthi ukuqonda kwabantu kungavulwa, futhi sizoKunika udumo, eGameni likaJesu.

91 Manje, amakhanda ethu ekhotheme umzuzwana nje, ngizobuza umbuzo, ngesizotha. Isikhathi sethu siyaphela. Ngifuna ukubuza umbuzo onesizotha, futhi ngifuna ninikeze ngokusuka ekujuleni kwenhliziyo yenu. Ngiyaniyala phambi kukaNkulunkulu ukuthi nizokwenza.

92 Uma ungakasamukeli lesisithembiso sokuPhila okuPhakade, futhi unesiqiniseko esiphelele kanye nokusebenza kukaMoya oNgcwele empilweni yakho, futhi ungathanda ukuba nakho, ungavele nje, namakhanda enu ekhotheme, wonke umuntu, vele uphakamise isandla sakho, uthi, "Ngikhulekele, Mfowethu Branham, ngifuna lokho empilweni yami." Nkulunkulu. . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, Nenekazi. Busiswa.

93 Kulungile. Omunye manje, ngenkathi sisalindile uthi, "Mfowethu Branham, ngikhulekele, ngi—ngifisa sengathi benginaleso siqinisekiso enhliziyweni yami, ukuthi ngigxilile kuKristu, zonke izono zami zingaphansi kweGazi, futhi nginokuthula okudlula ukuqonda, futhi ngiyazi ukuthi ngiphila kuKristu. Ngifisa sengathi bengingakusho lokho, Mfowethu Branham. Ungangikhulekela na?" Ngabe ubekhona ongaziphakamisanga izandla zabo, bangaziphakamisa izandla zabo manje na? UNkulunkulu akubusise, wena.

94 Mayibongwe iNkosi. Kuhle lokho. Kulungile. Qhubekani nje niphakamisa izandla zenu, ngiyazibona emuva le ngemuva. Ukulinda nje. Bashumayeli, wonke umuntu, khulekani manje. UNkulunkulu akubusise, Uyakubona, Uyasibona isinqumo sakho. Uyakubona, qhubeka nje ukhuleka. Uyakubona, Ubhekile. Emuva le, ngiyakubona, mfanyana, uNkulunkulu anibusise emuva lapho, lona ngapha. Qhubeka nje ukhuleka. Kulungile.

95 Baba wethu waseZulwini, Uzibonile izandla zabo ziphakama. Ngokomthetho wesayensi, bayishaye indiva isayensi ngaleyonkathi ngqo, ngoba ngokwesayense izandla zabo zifanele zilengele phansi, amandla adonsela phansi asibamba lapho. Kodwa bekukhona umoya kubo owenze isinqumo, baphakamise izandla zabo, bebelungele. Bebazi ukuthi bekukhona iNto ethize ekhuluma kubo ebingayikufa, uNkulunkulu waseZulwini, futhi bebazi ukuthi bebengalungile, futhi bebefuna ukulunga, baphakamisa izandla zabo, bakukholiwe. Manje, Baba, ngikhulekela ukuthi Uzosebenzana nabo manje. EGameni likaJesu Kristu. Amen.

96 Bangaki osesakhiweni njengamanje. . .? Ngiqale ukwenza ukubizela e-altare, kodwa uMoya oNgcwele ungimisile. Yinto eyisimanga leyo. Impela kunjalo. Kukhona okunye, Uthe, "Awuzange unikeze uBukhona bokwaMi. . . Isiqinisekiso soBukhona baMi okwamanje."

97 Bangaki abantu phakathi lapha, ongenalo ikhadi lomkhuleko, awunalo ikhadi lomkhuleko, futhi uyamkholwa uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, olapha manje, ukanye nathi na? Phakamisani izandla zenu. Nonke. Niyabo? Yonke indawo nje. Ngiyabonga. Umzuzwana nje. Ngemva kwesikhashana . . .

98 Khuleka nje futhi ucele kuNkulunkulu, "Nkosi, ngiyakholwa ukuthi umBhalo uyangitshela, umelusi wami ungifundele wona, futhi ushumayele ngawo, ngibezwile abanye, futhi bangitshela ukuthi UngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu. Manje, bathi Unguye izolo, namuhla, naphakade. Nkosi, ngiyeza, ngiyagula, bengingekho lapha ukuthola ikhadi lomkhuleko, futhi ngizothinta Wena, Nkosi. Futhi manje, uma uMfowethu Branham esitshele iqiniso, akangazi, noma akazi lutho ngami, ngifuna Wena ukhulume ngezindebe zakhe njengoba Wenza ngezindebe zikaKristu ngalolosuku, futhi, njengoba Atshela owesifazane lokho, ngomopho wakhe."

Futhi wena Mthinte nje. Futhi manje, ngizizwele mina uqobo . . . Yisiphiwo, futhi ngiyazizwela . . . Kufana nokudonsela egiyeni.

99 Futhi manje, uma nizoMkholwa futhi niMcele, uNkulunkulu uzonipha khona. Futhi uma Ezokwenza lokho ngomusa waKhe kulobubusuku, singaya ekhaya futhi sithi, "Impela iNkosi ivukile," njengalabo ababevela e-Emawuse, "futhi nginesiqiniseko manje, ukuthi Wethembisa lokho 'Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza.'" Lona kanye uhlobo lwemisebenzi esikhulume ngalo izolo ebusuku. Futhi Unguye izolo, namuhla naphakade, nemiBhalo iqinisekisiwe.

100 Futhi siyazi ngokuqinisekile ukuthi siphila osukwini olufana neSodoma neGomora, ngokuba sibona abavangeli emhlabeni, futhi sifundiswa ukuthi iBandla eliKhethiweyo liyiBandla elikhishelwe ngaphandle, futhi lehlukaniswa nezwe, noma izinto zezwe. "Futhi ngibone lesosibonakaliso esifanayo Asinikeza lapho, ngaphambi kokushiswa kweSodoma, futhi kuyisithembiso sokuthi Uzoshisa umhlaba maduze impela nje."

101 Bese kuthi-ke uma uNkulunkulu ezokwenza lokho nonke nina eniseSodoma balekani ngamandla njengoba ningenza, phumani nize eBandleni. Kunjani ukuthi . . .? Liphi iBandla na? Izingane ezizelwe ezintsha kuKristu. Linye kuphela iBandla, awuLijoyini, uzalelwa kuLo. Niyabo? Niyabo? Ukuzalwa okusha.

102 Sengathi uNkulunkulu angawuphendula umkhuleko. Manje ake sithathe, izinhlu nje, futhi maKakhulume ngezinhlu. Ngokuhambisana kwedlule lapho manje, lowo ongenalo ikhadi lomkhuleko, manje, uma unekhadi lomkhuleko, ungasiphakamisi isandla sakho, labo abangenalo ikhadi

lomkhuleko, noma yikuphi kuloluhlu olusesandleni sokudla, phakamisa isandla sakho, uthi, “Mfowethu Branham, ngiyakhuleka.” Uma ungazifuneli wena, khulekela omunye umuntu, noma yini oyifunayo, yiba nesicelo nje, khuleka. Kulungile. UNkulunkulu akubusise.

103 Manje, bheka ngapha futhi uthi enhliziyweni yakho, “Nkosi Jesu, ngiyalikholwa iZwi laKho.” Futhi iBhayibheli liyasho, kumaHeberu isahluko se 4 . . . Manje, siyazi, ngaphambi kokuba sisho lokhu, ukuthi uJesu wayeyiZwi likaNkulunkulu lenziwe inyama. Ngabe kunjalo na? IBhayibheli liyasho, kumaHeberu 4, ukuthi “IZwi likaNkulunkulu libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, lahlukanisa umnkantsha wethambo, nomaHluleli wemicabango yenhliziyo.”

104 Yingalesosizathu Wayengakwazi ukubabheka futhi athi, “Ukukholwa kwakho kukusindisile.” Wakubamba. Lelo yiZwi. “Futhi uma nihlala kiMi, neZwi laMi kini . . . ” Ungatholi enye yehlelo, imfundiso eyenziwe ngumuntu exutshiwe kuwe, hlala umsulwa, ungonakalisiwe neZwi. “Uma nihlala kiMi, neZwi laMi kini, celani enikuthandayo. Ngokuba iZwi laHlulela imicabango yenhliziyo.” Kholwa nje manje, yiba nokukholwa. Bona ukuthi Uyakuqinisekisa yini engikushilo ukuthi kuyiqiniso.

105 Yibani nenhlonipho umzuzwana nje. Ukushumayela, bese kuthi-ke, ngi—bengizokwenza ukubizela e-altare, kodwa nguYe Ongibizile ukuba ngenze lokhu, ngakho impela Uzongisiza.

106 Yebo, nakho-ke. Lelonenekazi elihlezi khona lapho emuva, ligqoke ingubo ethi ayibe bomvu ngokusawolintshi, likhulekela umama walo, linqekuzisa ikhanda lalo *ngapha*. Linezinwele ezimnyama. Sukuma umzuzu nje, Nenekazi. Yebo. Unalo ikhadi lomkhuleko na? Awunalo. Into exakile ngempela yenzekile kuwe emzuzwini odlule nje, uzwe ngokoqobo, njengeNto ethobeke ngempela futhi emnandi ikuzungezile. Ngibuka ngqo kuleyoNsika yoMlilo, ngaphezulu ngqo lapho lowo wesifazane emi khona.

107 Ukhulekela umama wakhe. Umama wakhe akekho lapha. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi yini engalungile ngomama wakho na? Ubungakholwa-ke, ngayo yonke inhliziyo yakho na? Unenkathazo yenhliziyo. Lokho ngukuthi . . . Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Manje, lapho uhamba, umthole esesindile. Amen. UNkulunkulu akubusise.

108 Uyakholwa na? Kulohlu khuleka, futhi uthi, “Nkosi Nkulunkulu, lowomshumayeli omncane omi lapho akangazi, kodwa Wena uyangazi, futhi ngithinta ingubo yaKho. Ngivumele, Nkosi, ngivumele.”

109 Lapha, khona kanye phezu kwendoda eyikhaladi ehlezi esidlangalaleni lapha ekupheleni kohlu, ibhekene nokuhlinzwa.

Wena, Mnumzane. Unalo ikhadi lomkhuleko na? Awunalo. Awulidingi. Inkathazo yesinye. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angayiphilisa leyonkathazo yesinye na? Uyangikholwa yini . . .? Kukhona umoya omuhle khona lapho. Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi kaNkulunkulu, noma, inceku yaKhe na? Uxolo, lokho kukhubekisa abantu. Uyakukholwa na? Ngenhliziyo yakho yonke na? Ngiyabonga Mnumzane. Leyo yindlela yokukholwa kulabo abathunywe nguNkulunkulu. Uma ufuna ukuphumelela, uyakwazi Athi kwenze. Mnu. Benton, igama lakho lelo, awusiye owalapha, ungowasedolobheni okuthiwa yiCompton. Uma uzokholwa ngenhliziyo yakho yonke, sekuphelile. UNkulunkulu akubusise.

Uyakholwa na?

110 Khona ngqo emuva emgqeni yinenekazi. Likhulekela othandekayo, futhi othandekayo unesifo sohlangothi, indoda esikhulile. Inenekazi, Nkk. Dawson, kholwa. Unalo ikhadi lomkhuleko, Nenekazi na? Awunalo. Angikwazi, uyisihambi kimi, kodwa ukhulekela othandekayo, futhi lowo othandekayo unesifo sohlangothi, ngumkhulu. Futhi akahlali lapha, uhlala endaweni ebizwa nge-Bakersfield, futhi ungumshumayeli weVangeli. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI.

Uyakholwa na? Yiba nokukholwa manje.

111 Lelinenekazi elihlezi lapha, likhuleka, linenkathazo yenhliziyo, lihlezi emuva lapho ngqo, lingibuka. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa, Nenekazi na? Inenekazi elimpunga, linikina ikhanda lalo, khona ngqo ngapha. Kulungile, wena, yebo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Unalo ikhadi lomkhuleko na? Awunalo. Awulidingi. Inkathazo yakho yenhliziyo isikushiyile manje. Manje, buka, qhubeka. Manje, uma ulahlekelwa ukukholwa . . . Uzizwa ukahle, khona manje. Ukukholwa okungakwenza uzizwe ukahle, njengamanje, kungakugcina kanjalo inqobo nje uma ugcina lokho kukholwa. Ungakungabazi. Amen.

112 Ngiyabona, Kukhona lapha, phezu kwalelinenekazi kulokhu . . . ngemuva nje kwenenekazi elisesihlalweni esinamasondo. Ngowesifazane emuva lapho. Yebo, yi— inenekazi, lelinenekazi elihlezi lapho likhulekela umama walo— walo, ohlezi eduze kwalo lapho. Ukhulekela yena. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi yini engalungile ngaye na? Uzokwenza yini . . .? Unalo ikhadi lomkhuleko na? Awunalo. Kulungile. Uma ukholwa ukuthi isifo sikaBright sizomshiya, sizomshiya. Beka isandla sakho phezu kwakhe, futhi ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi uzosinda. Ungangabazi.

113 O, UyiMbali yaseSharoni, uMnduze wesiGodi! Isiqinisekiso sokuthi Uyaphila kuze kube phakade! Uyakukholwa na? Ungathanda ukuza ngalesisikhathi, njengesimemo na? Nonke,

yonke imiphefumulo yesono ecindezelweyo, ningeza manje futhi nime lapha na? Uma Ezongazisa ukuthi ziyini izinkathazo zabantu, nakho konke ngalezizinto, Uyangitshela manje, kukhona abantu phakathi lapha obekufanele beze futhi banikele ukuphila kwabo kuYe, nizoza na?

114 Phakama ngqo uphume esihlalweni sakho, wena ophakamise isandla sakho. Woza lapha ngqo futhi ume. Wena ongakaze uzalwe ngokusha, awazi lutho ngoNkulunkulu nalezizinto, uzoza manje na? EBukhoneni baKhe, uma ukholwa ukuthi lona nguMoya oNgcwele, woza manje sisamile futhi sicula ihubo. (Noma ngabe yini wena, oyikhethile, noma yini.)

115 Futhi sisamile futhi sicula leliculo, ngifuna nize khona manje, ngaphambi kokuba siqhubeke nenkonzo yomkhuleko. Asi—asibone . . . siqede lokhu, ngoba oKuthize kushilo, ngaleyonkathi nje, "Yenza ukubizela kwakho e-altare manje. Ushumayele ngesiqinisekiso, futhi nakhu lapho okhona, Ngiqinisekisile ukuthi Ngilapha." Amen.

116 Uma ningeke nikubone lokho, bangane, ni—niphuphuthekile, kukhona okungalungile, aninathemba, lapho uNkulunkulu, enza into enjalo. Bangaki abakholwayo ukuthi Ulapha na? Bangaki abakholwayo ukuthi NguYe na? Ngineqiniso, ngenhliziyo yami yonke, neBhayibheli lami, uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, oMkhulu uNGINGUYE, hhayi, "Ngangi," NGINGUYE, ulapha enza enyameni yabantu baKhe, into efanayo Ayenza ngenkathi Esenyameni yomuntu kulomhlaba. Haleluya! Ngikukholwa ngenhliziyo yami yonke. Nikholwa into efanayo na?

117 Sisamile sonke, wozani ngapha nonke, ngingathanda ukuxhawula isandla senu, ngime lapha futhi nginithinte, futhi uma nifuna ukuthola uKristu, nicele intethelelo yesono senu.

> . . . nikela konke,
> Nginikela konke,
> Konke kuWe, Msindisi wami obusisiwe,
> Nginikela konke.

Kunjalo. Phuma ngqo futhi wehle ngapha.

> Nginikela konke,
> Konke kuWe, Msindisi wami obusisiwe,
> Nginikela konke.

118 (Umzuzwana nje.) Ukusola kukaMoya oNgcwele: Ngenkathi izandla ezingamakhulu amabili noma okungaphezulu zikhuphukile emizuzwini embalwa edlule, kwathi lapho ngenza ukubizela e-altare, cishe abangamakhulu amathathu baphume ngomnyango, behamba ngenye indlela, nomfanyana, ababili babo, ufikile futhi waguqa lapha eceleni. Ukhuluma ngeSodoma neGomora, ukhuluma ngoSuku lokwaHlulela oluyisandla, lapho uNkulunkulu emseni waKhe, ekhombisa yonke into Angayenza,

nabantu benziwe lukhuni eVangelini baze baphume ngqo ebusweni bukaMoya oNgcwele!

119 Uthi, "Bona bekungebona abantu. . ." Yebo bekungabantu abebefanele beze. Uma ngazi ukuthi *Lokhu* kuyini, ngiyazi ukuthi *lokho* bekuyini. Yebo, mnumzane. UMoya oNgcwele udabuke ngokwesabekayo. Futhi kungenzeka ukuthi ukwenzile esikhathi sakho sokugcina, ngethemba ukuthi akunjalo, kodwa kungenzeka ukuthi ukwenzile isikhathi sakho sokugcina. Lokhu kungokweNkosi. Futhi khumbula nje, angiyena uwaka, angilona uhlanya, ngiyazi impela ukuthi ngikuphi, nokuthi ngikhuluma ngani. Ya.

120 Akumangalisi ukuthi sengeke sibe nezimvuselelo, akumangalisi ukuthi iLos Angeles nomhlaba wonke kusendleleni yawo eya esihogweni, akumangalisi ukuthi nivuthwela ibhomu le-athomu. Nina bantwana abancane, hlalani phansi ngasohlangothini lwesiphambano futhi nihlale lapho, ihora seliseduze.

121 Ngangena eBombay, eNdiya, lapha kungekudala, ngase ngicosha iphepha, lathi, "Isibonakaliso sokuzamazama komhlaba sesiphelile." Ezinsukwini ezimbili noma ezintathu ngaphambi kokuba ukuzamazama komhlaba kufike, zonke izinyoni ezincane zandiza zasuka ezidlekeni zazo ezindongeni zamadwala, zonke izimvu nezinkomo ezazimi ngasezinhlangothini zezidonga, zaphumela endle zonke, futhi zama zibambelele enye kwenye, uhlobo lokuncika *kanje*, enye nenye, zenzelana umthunzi.

122 Ngani na? Kwakukhona ukuzibonela kwemvelo, Into ethize yazitshela ukuthi kwakukhona ukuzamazama komhlaba okuzayo. Ukuzamazama komhlaba kwazamazamisa lezozindonga zawa phansi. Ukube zahlala lapho, zaziyobhubha. Kodwa manje, emva kokuba ukuzamazama komhlaba sekuphelile, zabuyela ezindongeni futhi, ezazimile.

123 Manje, ake ngikutshele, mngane, ukuthi uNkulunkulu kaMose, Owayengazingenisa emkhunjini, wayengabasusa kulezozindonga. Futhi uma uNkulunkulu, ngokuzibonela kwemvelo enyonini, engayibiza isuke engozini, bekufanele kangakanani-ke ukubiza izidalwa ezingabantu, eziphefumulelwe nguMoya oNgcwele na? Into embi kanje pho! Isizukulwane esiphingayo kanje pho! Indawo embi kanje pho esiphila kuyo! Isizwe esonayo, esingamesabi uNkulunkulu kanje esinaso, Abalahlwe nguNkulunkulu, abazonda uNkulunkulu, abafuna izibonakaliso, abagibeli benqola yebhendi, abalingisi, abaziqhathanisayo benyama, beholwa yinqwaba yalutho, futhi befika ekupheleni komgwaqo! Ngikhuluma lokho eGameni leNkosi.

124 Ngizophinda ngibize kanye futhi, kukuwe ukuthi uphendule. Kulungile.

Nginikela . . . (Woza, soni, eBukhoneni bukaNkulunkulu.)
. . . nikela konke,
Konke kuWe, Msindisi wami obusisiwe,
Nginikela konke.

. . . nikela, (Nginikela konke.)
Nginikela, ( . . . ? . . . Nginikela konke.)
Konke kuWe, Msindisi wami obusisiwe,
Nginikela konke.

125 Khumbulani, ngolunye usuku ngiyoma ebukhoneni bakho ebusweni bukaNkulunkulu, lapho lesisizukulwane sikhuphuka. Ngiyakunika, kulobubusuku, inkululeko ezonweni zakho, ngoJesu Kristu, ngikunika ukuthula okudlula ukuqonda, ngikunika umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, uma uzolandela iziqondiso zeBhayibheli likaNkulunkulu. Ngeke uze, ukwamukele na?

Ngi . . .

Ngenkathi abefundisi behla, uma bethanda, bazungeze lababantu.

Nginikela konke,
Nginikela konke,
Konke kuWe, Msindisi wami obusisiwe,
Nginikela konke.

Nginikela, (Nginikela konke.)
Nginikela, (Nginikela konke.)
O, konke kuWe, Msindisi wami obusisiwe,
Nginikela . . .

Asiphakamise izandla zethu manje futhi sidumise uNkulunkulu, ngamunye wethu. Nikela impilo yakho.

126 Nkosi Jesu, yamukela umnikelo wethu, Nkosi, kanye no . . . lababantu abase-altare, bamukele, eGameni likaJesu Kristu.

